**Isitatimende Sabezindaba**

# UNGQONGQOSHE WEZIMALI NOKHOMISHANA WAKWASARS BAHAMBELE IGATSHA LASE-ALBERTON UKUBUYOBUKEZA ISIMO SOKULUNGELA ISIKHATHI SOKUBUYISWA KWAMAFOMU EMININININGWANE NGENTELA SOWEZI- 2025

**Tshwane, 7 Ntulikazi 2025 —** UMnu Enoch Godongwana, uNgqongqoshe Wezimali, noMnu Edward Kieswetter, uKhomishana wakwaSARS, namuhla bahambele Isikhungo sakwaSARS *Taxpayer Service Centre* esise-Alberton ukuyobukeza isimo sokulungela njengoba kuqala uhlelo lokuhlolwa ngokuzenzekelayo, oluzoqala mhla ziyi-7 kuya mhla zingama-20 kuNtulikazi 2025.

UNgqongqoshe uGodongwana noKhomishana uKieswetter baxoxisane nabakhokhintela, abaningi babo abebeze egatsheni ukuzonika imininingwane yabo yakamuva nokuzoqinisekisa imininingwane yabo ebhalisiwe, kubandakanya ukushintsha ama-imeyili, ulwazi lokubhanga, kanye nezinobolo zamaselula. Abanye babakhokhintela bebeye egatsheni ukuyokhokha izikweletu zabo zentela ebezisilele nokulungisa izindaba zamafomu okubuyiswa kwemininingwane yentela asilele.

USARS usuqalile ukukhipha imiyalezo yekuhlolwa ngokuzenzekelayo kubakhokhintela izindaba zabo zentela ezingeyona inkimbinkimbi. Uma abakhokhintela bevumelana ne-Auto Assessment, akukho okulindeleke ukuba bakwenze ngasohlangothini lwabo. Ukwamukela imiphumela kuyazenzakalela, ngakho-ke abakhokhintela akudingeki ukuba bazimukelele bona i-Auto Assessment. Abakhokhintela bayelulekwa ukuba balinde isaziso nge-SMS/imeyili ngaphambi kokungena ku-eFiling noma kuSARS MobiApp.

Imali ebuyayo engaphezulu kuka-R100 okumele ize kubakhokhintela izokhokhwa kuma-akhawunti asemabhange abo ngokuzenzekelayo  emahoreni angama-72 uma ukuhlolwa sekuphothuliwe.

Isikhathi sokubuyiswa kwamafomu emininingwane ngentela kowezi-2025 siyaqala **kubakhokhintela abavulelekile nakwabanye abakhokhintela besikhashana abangazange bahlolwe ngokuzenzekelayo**. Isikhathi sokubuyisa amafomu emininingwane ngentela kubakhokhintela abavulelekile siyaqala mhla zingama-21 kuNtulikazi kuya kumhla zingama-20 kuMfumfu 2025. Isikhathi sabakhokhintela besikhashana sizovalwa mhla ziyi-19 kuMasingana 2026.

Lezi zinsuku ezilandelayo zeSikhathi Sokubuyiswa Kwamafomu Emininingwane Ngentela kulo nyaka kumele ziqashelwe :

- **Ukukhishwa kwezaziso zekuhlolwa ngokuzenzekelayo:** 7–20 kuNtulikazi 2025
- **Abakhokhintela ngabanye (abavulelekile):** 21 kuNtulikazi–20 kuMfumfu 2025
- **Abakhokhintela besikhashana:** 21 kuNtulikazi 2025–19 kuMasingana 2026

Abakhokhintela bayanxuswa ukuba baqaphele kakhulu futhi bagcine imininingwane yabo iyimfihlo. Njengoba kuqala Isikhathi Sokubuyiswa Kwamafomu Emininingwane Ngentela, maningi amaqola azozama ukuqola abakhokhintela. Amaqola angaziveza njengezisebenzi zakwaSARS ezama ukuntshontsha imininingwane yakho, benze ucofe amakhonco aholelana ophathe, noma ethi faka imali ku-akhawunti ethile. USARS asoze wacela ukuba abakhokhintela basebenzise ikhonco lokuxhumanisa. Abakhokhintela kumele bavikele imininingwane yabo yokungena ku-eFiling futhi basebenzise izisebenzi zentela ezibhalisiwe.

Ulwazi mayelana nezindlela zokuqolwa zakamuva lungatholakala kusizindalwazi sakwaSARS: www.sars.gov.za. Ukubika noma ukucela ulwazi ngokuqolwa nge-inthanethi, abakhokhintela bangathumela i-imeyili kuleli kheli phishing@sars.gov.za.

Ukugwema izinhlawulo, abakhokhintela kumele bathumele ulwazi oluqondile ngokushesha. Ukuze Isikhathi Sokubuyiswa Kwamafomu Emininingwane Ngentela kowezi-2025 sibe lula, abakhokhintela bayanxuswa ukuba basebenzise le migudu yokuxhumana noSARS elandelayo:

- **Isizindalwazi sakwaSARS:** vakhashela www.sars.gov.za bese ucofa ikinobho elithi "Individuals".
- **SARS Online Query System (SOQS):** https://tools.sars.gov.za/soqs.
- **SARS WhatsApp:** thumela "Hi" noma "Hello" kule nombolo 0800 117 277.
- **I-AI Virtual Assistant:** itholakala 24/7 kusizindalwazi sakwaSARS ukuphendula imibuzo yakho.
- **Shayela *134*7277#:** ukuthola usizo lwakwaSARS.
- **SARS YouTube:** vakashela @sarstax ukuthola amavidiyo endlela yokwenza.

**Asikho isidingo sokuya egatsheni lwakwaSARS. Uma kufanele, qala ngokubeka usuku ukuze ugweme imigqa emide.**

UNgqongqoshe uzwakalise ukweneliseka kwakhe ngesimo sokulungela sakwaSARS ukunika abakhokhintela Isikhathi Sokubuyiswa Kwamafomu Ngemininingwane Ngentela esiyimpumelelo futhi esilula. UKhomishana uKieswetter ukhuthaze abakhokhintela ukuba basebenzise imigudu yedijithali yakwaSARS ukuxhumana nesikhungo. Uthe, "abakhokhintela abadingi ukuzigodolisa kulesi simo sezulu esibandayo ngokuyoma emigqeni. Bangasebenza izindaba zabo zentela benethezekile emakhaya abo kunokuba bakhokhe izimali zokugibela".

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za.

**07 NTULIKAZI 2025: UNGQONGQOSHE WEZIMALI NOKHOMISHANA WAKWASARS BAHAMBELE IGATSHA LASE-ALBERTON UKUBUYOBUKEZA ISIMO SOKULUNGELA ISIKHATHI SOKUBUYISWA KWAMAFOMU EMINININGWANE NGENTELA SOWEZI-2025**



